PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

ZWAKALISA UVO LWAKHO

IKOMIDI LOMKHANDLU KAZWELONKE WEZIFUNDAZWE ELIBHEKELE EZAMAPHOYISA KANYE NOMTHETHOSIVIVINYWA WOKUVIKELA INGQALA SIZINDA EBALULEKILE [B22-2017]

Isimemezelo Sokuphawula kanye Nemibono Yomphakathi

IKomidi loMkhandlu kaZwelonke Wezifundazwe elibhekele ezamaPhoyisa limema abantu abanentshisekelo nalabo ababambe iqhaza ukuthi bathumele ukuphawula kwabo okubhalwe phansi mayelana noMthetho sivivinywa wokuVikela Ingqalasizinda Ebalulekile [B22-2017].

UMthethosivivinywa uhlose:

- ukuhlinzeka ukuhlonza nokumenyezelwa kwengqalasizinda njengengqalasizinda ebalulekile;
- ukuhlinzeka ngemihlahlandlela kanye namaphuzu okufanele abhekwe ukuze kuqinisekiswe ukuhlonzwa nokumenyezelwa okusobala kwengqalasizinda ebalulekile;
- ukuhlinzeka ngezinyathelo okufanele zifakwe ohlwini lokuvikela, ukuvikelwa nokuqiniswa kwengqalasizinda ebalulekile;
- ukuhlinzekela ukusungulwa koMkhandlu Wengqalasizinda Ebalulekile Wezingqala sizinda kanye nemisebenzi yayo, ukuhlinzekela ukuphathwa koMthetho ngaphansi kolawulo lukaKhomishana kaZwelonke kanye nemisebenzi kaKhomishana kaZwelonke ngokuphathelene noMthetho;
- ukuhlinzekela ukusungulwa kwamakomidi kanye nemisebenzi yawo;
- ukuhlinzekela ukuqokwa kanye nemisebenzi yabahloli;
- ukuhlinzekela ukuhlinzekela amandla kanye nemisebenzi yabantu abalawula ingqalasizinda ebalulekile;
- ukuhlinzekela izibopho zokubika;
- ukuhlinzekela amalungiselelo enguquko;
- ukuhlinzekela ukuchithwa koMthetho kaZwelonke weZindawo Ezisemqoka we-1980 nemithetho ephathelene nayo;
- nokuhlinzekela izindaba ezihlobene nayo.

Izethulo ezibhalwe phansi zingathunyelwa kwiKomidi loMkhandlu kaZwelonke elibhekele ezamaPhoyisa ku: Nk Babalwa Mbengo, PO Box 15, Parliament of South Africa, Cape Town, 8000 kanti kufanele zifike lingakashayi ihora le-13: 00 ngoLwesihlanu, mhla ziyi-17 kuLwezi wezi-2017. Uyacelwa ukuthi ukhombise intshisekelo yakho yokwenza isethulo somlomo eKomidini.

Imibuzo noma ukuze uthole amakhophi oMthethosivivinywa, thintana no**Nk Babalwa Mbengo** kulenombolo yocingo ethi: **021 403 3741**; inombolo yeselula: **083 709 8489**; i-imeyili: **bmbengo@parliament.gov.za**; noma kulewebhusayithi yasePhalamende ethi: **www.parliament.gov.za.**

Sikhishwe nguMnu F Beukman, iLungu lePhalamende, uSihlalo weKomidi loMkhandlu kaZwelonke Wezifundazwe elibhekelele ezamaPhoyisa.